

Contract Law points of
married life. K13/158

1/11

s751 (10)

K13/158

E. B. M. Madondo.

1.

16

Izivumelwano noma izinkonteleka.

Izipho:- Kukhona izipho ezidinga ukuthi uma umuntu aphiwe zona angazi buyisi ngahlutho: njengalezi: izinkomo izitsha, izikhali, utshwala nokudla. Izipho lezi zenziwa ngesizathu noma ngizizathu ezithile ezitangela loyo opha omnye amuphe, lokho amupha khona.

Izinyeke izipho zidinga ukubuyiswa, njengokuthi, uma amadoda amabili elamana noma engawandodanye, besekuthi enye yawo iphe enye inkomo yokusengwa kuswelekile ukuthi lenkomo uma ifa ibuyiselwe kuMniniyo ngoba wabemphe ubisi lwayo hhayi yona, njalo noma emupha utshwala naye kusweleke amuphe futhi ebuyisa loo naye abuphuza njengoba kwenza abantu abahlinzisa

2.

nayo, uma kade naye eyohlinza komunye ubuya namantshotsho bekekuthi naye uma ehlabile amcize lona ahlinzisana naye ukuze naye azozintshontshela. Kukhona izipho umuntu azithola ngezenzo zakhe ezincomekayo kubantu. Umuntu oyingwazi uvama kakhulu ukuthe athole izipho zobuqhawe, ukuze nabanye bambone, kanti nomntwana olalela abazali bakhe uthola izinto ezinhle kakhulu ngenxa yezenzo zakhe. Abazali ukubonakalisa ukumtho kozela loyo mtwana, bamupha amasimu okulima, bamlobolele bezama ukumkhombisa ukuthi akwenzayo bayakubonga.

3.

Izinto ezithengisayo:- Ziningana izinto ezithengisayo: njengezinkomo, izimbuzi, izimvu, izinku kanye nokunye okuningi umninikho angahle athengise ngakho. Kuyenzeka kwesinye isikhathi ukuthi izinto lezi ezithengisayo zibuyiselwe ndawonye, ukuze loyo ozithenga azikhethele loyo emendisayo.

Lafoke abafuna izimpahla yibona abafuna lapho bengahle bazithole khona izinto lezo abazifunayo. Ukuze ke umuntu loyo othengisayo aphaatheke kahle futhi ahlonipheke, uziveza yena ngaseNkosini ibisiminika imvume yokusebenza phakathi kwendawo yayo, yazise nesizwe sayo ngaloyomuntu.

Umthengisi wenza izinto eziningi zenhlonipho nezokukhanga abantu bahahlele ukuzothenga kuyena, azibeke izimpahla zakhe ngendlela athi engena nje umuntu abe bona lokho akufunayo,

/nalokho.....

s751

4. nalokho akade engekewazi ukuthi kukhona akubone kuso6ala. Laphoke esezithengisa athende 6azibone 6onke kanye nohlo6o lolo analo. Ezikalwayo zikalwe, ukuthi zilinganiswe ngeqoma noma ngonyazi noma ngokuphi okunye lokho akuse6enzisayo. Izintengiso azifane futhi ziyashintsha njengoba ebona kudingeka futhi alinganise leyonto ayithengisa ngayo, uma izimvu ziyishumi mhlawumbe ku6e amasaka amahlanu ombila, noma izimvu eziyishumi ku6e yinkomo. Akukho zipho ezingahle zenziwe a6athengi kuMthengisi, kodwake umthengisi yona angahle azenze izipho ku6athengi 6akhe, onzela uku6adonsa noku6abonga ngokuthenga

5. kwa6o, a6anike amaswidi noma nempahla nje eqotho uma 6ethenge kakhu noma a6anike ichwane lemva uma 6ethenge izimvu.

Kuyavama ukuthi umthengi lona anga6i namandla okuyithenga into leyo ayidinga, a6esecela ukuthi anikwe yona ngesikweletu. uMthengisi nomthengi 6afune ofakazi 6a6o uma se6evumelene 6achazelane phambi kwa6o isimo a6avumelana ngaso. Kuyavamake ukwenzeka ukuthi lona omthengisi afune isimiselelo, lonake umthengi akhombe izinkomo noma amiselele leyo mpahla ngelobolo lomntanakhe wentombazane. Uma izinto lezi zithengisa kodwa umthengi engakazithathi sezifa zifela umthengisi wazo, noma

6. nga6e azife kodwa zilimala. Uma inkomo noma yiyiphi enye impahla ithengisa kodwa umniniyo angayithathi, loyo oseyithengile, n usenoku6iza inzalo yayo ngo6a eneqiniso lokuthi isinayo, kalo khuke kudingeka u6ufakazi o6anele ukuthi nempela leyompahla isinenzalo.

Uhhwephaka kwesivumelwano.

Isivumelwano sisenokwephulwa noma singakafezeki noma sesi-fezekile, kodwa injongo yaso idinga ukufezwa njalo futhi loyo olimalayo ngokwephuke kwesivumelwano akhokhelwe loko okuyizimfanelo zakhe njengoba zazifanale zi6engakho ngesi vumelwano, kodwa uma engeneliswa usenokwala, njengoba kwesinye

7. isikhathi kuyenzeka umntu athathe inka6i noma inkomokazi kodwa a6eseyi6uyisa ngenkonyane noma ngaleyo ezacile, e6onakali izodlula no6usika. Lesikweletu sise nokukhokhwa ngokuhleshulwa

/size saneli.....

s751

size saneli. Uma kodwa ehluleka ukukhokha, kusekokwenzeka ukuthi leyompahla ayithathayo ibuyiswe ngokuthi amangale enkosini, inkosi ibisithuma izinceku zayo ziyoshaya okulingana naleyompahla ngaphezulu kubekhona eyayo inkosi yezindleko zecala lelo. Uma abe emiselele k kuthathwa lokho abemiselele ngakho, noma yona leyompahla uma isekhona ilandwe, ibuyiselwe kumniniyo futhi.

Ukweboleka noma ukwebolekisa:

8. Ziningi izinto ezingahle zebolekwe ngumuntu komunye, nazi ezinye zazo: umkhonto, induku, insimu, nengane, nokunye okuningi kodwa izinto ezidliwayo azivamile ukwebolekwa njengo Mbila, amabele ibontshisi notshwala. Lezike zona ziyenanwa zingabolekwa, futhi zibuyiswe ngesilinganiso lesa eza zezanwe ngaso ngesikhathi lesa abavumelene ngaso azibuyise. Uma umuntu enane iqoma ligcwele ummbile naye kudingeka alibuyise ligcwele wona ummbila njengoba kwakunjalo nakuyena. Uma umuntu eboleka izinkabi ukuza ziyomlimela, kuhle kuthi lapho ziziqedile ukulima abesebiza umninizo amuphe ntohwalala noma lokho abavumelene ngakho noma yimbuzi njengoba kuvama k kwenzeka. Izinyeke izinto zibebolekwa nje zingabuyi nalutho njengalezi: izinto zokubaza, umkhoba noma umhebe, imbazo, isando, noma lezo zokulima njengamageja, ikhuba kanye nezikhali zokulwa umkhonto, ihawu, induku nokunye okuningi, noma ngabe zisetshenziswe kangaka nani akuvamile ukuza kudingeke zikhokhelwe ngaloko kusebinza kwazo. Zisenokuza zibe kuloyo ozebolekile kuze kuphele isikhathi lesa ababesinqumilo noma kuze kuphele umsebenzi loyo abezifunele wona.

- Umaka kwenzeka izimpahla lezo zilamala noma zilahleke, kusweleke ukuthi loyo ozebolekileyo ak ayozibika masinyane kumniniyo. Inkomoke yona isenokuthi idliwe uma ifile uma umniniyo ekude kodwa uma eseduze kulindelwe izwe lakhe uma esebikelwe, noma kuthunyelwe uhlangothi lwayo kanye nesikhumba kumniniyo: Njengoba kwenzeka enkomeni ka Mathunjana nkomo eyabihlala kwa Mgodini Ncwana. Kwathi lapho inkomo lena isifile uMgodini wayobikela uMathunjana, ukuthi inkomo yakhe ifile, uMathunjana webesesuka nabantwana bakwakhe, baya khona

/Mgodini.....

s751

Mgodi, wathabatha uhlangathi lwayo lonke kanye nesikhumba, nasenyameni yangaphakathi wayahlula phakathi. Uma futhi

- 11. impahla leyo izele ukuthi yanda umniniyo kuhle atshelwe abesezoyishaya uphawulwakhe, ukuze banga xabani, zonke lezipahla eziyizalo zidinga ukuthi zibuyiswe, kodwa uma impahla leyo ifa kuswelekile nje ukuthi umniniyo abikelwe kodwa ingabuyiswa ngaphandle kokuthi ife ngendlela enganambitheki, ebanga ukusola ukufa kwayo kungathithi kungokwesibomu, laphoke kuswelekile ayivuse ngenye yakhe, eyivusela umniniyo.

Kuzo zonke izivumelwano eziqondene nezinkomo noma nenye nje impahla kudingeka, ofakazi abanele uxasekwakhiwa isivumelwano

- 12. noma sesi setshenziswa futhi, ukuze kungabi bikho ukuxabana. Izimpahla lezi zisenokubolekelwa ukulobola, zibuyiswe ngendlela leyo abavumelene ngayo noma lona obolekayo amiselele isivumelwano ngodadewabo omkhulu, ukuthi ilobolo lakhe liyokhokha lezinkomo. Izinkomoke lezi zelobolo zibuyiswa zinjengalokhu zathathwa azandi kodwa uma kukhona ubufakazi obanele ukuthi sezandile zibuyiswe kanye nenzalo yazo, kodwa lokho kubuya kwenzalo kudinga ukuba kwaziwe ngesikhathi kwakhiwa isivumelwano.

Izwe noma inhlabathi: Inhlabathike nayo futhi iyebolekisa ngesidingo esikhona kula abayibolekayo. Inhlabathi ibolekwa

- 13. yilabo abayizihlobo nomnuniyo, abangane bakhe kanye nezihambi eziwayele kwakhe. Akukho nkokhelo edingekayo ukuba ikhokhwe yibona oboleke inhlabathi, kodwa angaliyisa nje iqoma lombila eyobonga. Inhlabathi isenokwebolekwa unyaka noma ngaphezulu njengoba bevumelene. Uma ke umniniyo esefuna ibuye umnika unyaka lona oyibolekile ukuba alungele ukuyiyeka. Amakhosikazi noma abesifazana abanalo ilunge loku boleka ngenhlabathi bengatholanga imvume yendoda yabo, kanti nawo amadoda akukuhle
- 14. ukuba ebolekiso ngenhlabathi engakhulumanga nabafazi bawo, kodwa wona anelungelo lokuyibolekisa inhlabathi ngaphandle kwabafazi bawo. Inkosi ayinalo ilungelo lokuphoqa umuntu ukuba eboleke omunye inhlabathi yakhe kodwa isenokubonisana naye kahle imcelo ukuba amboleke ngezizathu nayo ebonayo ukuthi lona zimmisekabi.

/Imali.....

s751

Imali, amageja nezinqola nakho kuyebolekwa omunye ozidingayo, kodwa akuvamisile ukuthi kubuyiswe inzalo yazo nxa kade zisebenza.

Ukusebenza: Izinhlobo zokusebenza ziningana njengoaba kufanele izinjongo zalokho kusebenza. Okunye ukusebenza kadinga ukuvuzo

15. okunye akuwudingi. Imisebenzi evama ukudinga ukuvuzo yilena.

Ukwelapha umuntu, ukulima ulimele omunye umuntu, ukuhlahla umuntu ingozi neminye eminingi, njengokwakha izindlu, ukwelusa izinkomo. Uma umuntu kade akha indlu unikwa izimbuzi ezine noma x yikuphi okunye abavumeleni ngakho naloyo amakhelayo. Umelusi wezinkomo uhola inkomo ekupheleni konyaka kanti futhi naye lona olimilo unikwa imbuzi noma izimbozi ezilingene nomsebenzi loyo wakhe awenzileyo noku bukeka kwawo.

16. Zonke lezivumelwano zidinga ukuaba zenziwo kukhona ofakazi bazozombili izinhlangothi. Izithunjwa zakwa nkosi zithola umfagolweni noma isihlanu ngalokho ebezikuhambele noma ngecala. Izinyanga zona zifuna ngxa noma imvulasikhwama kuqala ngaphambili kokuaba zikhiphe umuthi. Ugxaxa lolu upondo nomfagolweni. Gese kuthi lapho umuntu esesindle ibisifuna inkomo. Ukubula noma ukuhlola akufane futhi nezimali zakho azifani kodwa izanuse lishe ukuthi zonke zibiza umfagolweni kanye nalaba abashaya xa amathambo. Abalozi bona bakhishelwa upondo uma umuntu eyokuzwa

17. kubona izindaaba zakhe. Kanti noma yiyiphi inyanga uma izobethela emuzini eyelapha kuwona noma qha ibiza inkomo ngaloko ifune nemvu emnyama engenabala ndawo. Lemvuke iyayithwala ihambe nayo inyama yayo uma isiqedile ukubethela, isebenze ngamafutha ayo kuphela, kanjalo noma izogeqa umfazi imvulasikhwama ayisali kanye nenkomo.

umendo neMpilo yawo (18) "Married life".

Uma insizwa isigcagcile nentombi leyo, uyise wentombi, imbiza ngokuthi uyise noma uMkhwe wayo, besekuthi unina ~~xxxxx~~ wentombi abe ngunina noma ngokuthi uMkhwekazi wayo. Abafowab'

18. nodadewabo bayo intombi leyo kube ngabalamu bayo, besekuth izihlobo zentombi zibe x yizihlobo zayo futhi nayo insiz

/ibahloniphe.....

s751

16ahloniphe noma yenze okuthile kuona ukukhombisa ubuhlobo osebudalekile, nabo ke bayihloniphe.

Ubuhlobo obubakhona phakathi kuko Mlokokazi kanye noyise wendoda yakhe budinga ukuaba uMlokokazi angangeni endlini lapho kukhona uyise, angavumi futhi bahlangabezane noma ngazehlo, angakhulumi naye futhi. Kodwa ke unina wendoda uyakhuluma noMlokokazi wakwakhe, kodwa kudingeka umlokokazi akhulumele phansi futhi aguqe ngamadolo angeni. Lapho ekhuluma nomfowa bo futhi kudingeka akhombise inhlonipho enkulu angambeki aguqe ngamadolo ecwayile futhi emahlombe.

19. Ngesikhathi umlokokazi enomkamfowa bo kanye nodadewa bo bomyeni wakhe usuke engokhululekilo naye, ezintweni eziningi zenhlonipho noma phela ka ngaswelekilo akhohlwe ukuthi usengumakoti kodwa naye ukathole ithuba lokuphefumula nokwenama. Umlokokazi lona kudingeka ahloniphe bonke abantu, bozalo nabayizihlobo zalapha kowakhe, akhothame uma ekhuluma nabo, ahloniphe namagama abofuthi angababizi nabo futhi bangambizi ngegama lakhe bathi nje masibanibani njengokuthi uma umlokokazi lo bo kungowaka Thusi kuthiwe "Mathusi" noma ngegama likanjise njengokuthi uma uyiseku nguLusi ba kuthiwe "Malusi ba".

- Indoda nenkosikazi: Indoda kuyisi bopho sayo ukuaba iphathe kahle umkayo, kodwa ikhombise umehluko kunalapho eseyintombi njengo ba esekwesinyo isimo. Phakathi kwendlu yayo indoda inelunge lo kumisa imithetho efuna kwenziwe noku ba kungenziwa. Kuyi si bopho sayo indoda ukuaba ivikelo umkayo nokuthwala bonke ubunzima bomkayo. Inkosikazi ka kuyimfanelo nelungelo layo ukugcina inhlonipho yayo endodeni yayo kanye nokwenza lokho indoda efuna kwenziwe, kapha futhi ingumeluleki nomsizi wendoda yayo phakathi kwendlu yayo. Mayiphi indoda yayo ukudla ngesikhathi leso esifaneleyo. Kuswelekile bahloniphano uma inkosikazi libizwa yindoda yayo isabele ngesibongo sayo indoda: njengalokhu okwenzeka lapho uNkantolo Nkala ethabathe uNtokokazi wakwa

/Mvelalase.....

s751

Mvelalase. Laphoke esembiza wayethi "we Mamvelase abesethi yena
 21. "Nkala". Ngelinye ilanga uNkantolo waze wahla6a imbuzi ngo6a
 kwathi lapho embizayo wasabela ngezwa lokuzithoba okukhula,
 elamthokozisa. uMamvelase lena wabewumlo6okazi ohloniphayo
 impela engazi6izi izinto eziningi njengokuthi uSigwayi
 wayemhlonipha ngokuthi uchazano ngo6a phela uSigwayi lona ~~xx~~
 wabengu Malume womyeni wakhe.

Noyise womyeni wakhe uKhulumi mpi ehlonipha ngokuthi impi
 athi yihhlasele, konke loku kwamnika udumo nenasasa ku6o 6onke
 abasekhaya nezihlo6o. Kuyimfanelo futhi kungumisa umuzi kahle
 ukuthi nayo indoda uma kukhona efuna ukukwenza phakathi nomuzi
 imazise umfozi wayo uma izokwenza into enkulu phakathi komuzi.
 22. Kuyenzeka ngesinye isikhathi ukuthi inkosikazi nayo ibene mpahla
 ekhaya mhlawumbe iyiphiwo ku6o noma iphiwe iyona indoda yayo,
 kanye nezitsha nendlu yayo futhi inkosikazi yakhiwe. Indoda
 nenkosikazi 6anelungelo lokuhlangana ngoko mkhu6a wemvelo
 ngezikhathi zase6usuku, kodwa umfazi usenckwala ngezizathu
 zangasese uma kade esethintshini, akasiyo imfanelo ukuthi
 indoda i6esimshaya umfazi wayo ngalokho. Umfazike umelwe
 ukusinda, indlu yakhe ashayele izi6i, apheke, ageze nezitsha
 futhi, alime, afulele indlu yakhe yonke iminyaka ukuze inganethi,
 ahambe ayofula futhi emasimini, ageze izingu6o. Uma 6ehlulaka
 23. ukufeza lezizinto phakathi komuzi indoda nomfazi 6agcina ngoku
 xa6ana, 6angezani futhi. Nomuzi wa6o awujwaye leki. Nezinhlanhla
 za6o zisha6alale ngo6a amadlozi ethi uma eze afice kuku6i
 phakathi komuzi.

Uma inkosikazi ingatholi 6antwana iyiswa noma ku6izwa
 inyanga izoyigeqa, njalo noma ingayitholi inzalo eyanele noma
 futhi ifelwa abantwana njengo6a kwenze kakumandlovu wakwa
 Dhlamini lapho engathola mntwana, wayiswa enyangeni eNyukhasela,
 wahlala khona unyaka ege6wa ekuqaleni.ko. Wesi6ili wa6uyiselwa
 yiyo inyanga ekhaya. Emuva kwalokhu waphumelela ukuthola
 24. abantwana abathathu.

umkhu6ane lapho esehlulekile ukugeqa umfazi wakhe waze
 wathatha owesi6ili naye wazala umfana wamunye
 /nentombazana.....

s751

nentombazane kwa6a kuphela. Kwesinyo isikhathi kuyenzeka ukuthi inzalo inga6i6ikho ngasendodeni, lokhuke, kuyinto elukhuni kodwa nayo indoda x iyelashwa kwesinye isikhathi ize iphumelele i6athole a6antwana, kodwa uma inga6atholi umuzi xx uyahlungana ucele omunye wa6afowa6o amzalele njengo6a nakhuyena engenanzalo. Kodwa umu kuyinkosikazi engazali indoda nayo iyancengwa uku6a ithathe yena wakwa6o kaMfazi wayo azomzalela, nokho lokhu

25. akavamile ngo6a amadoda afuna ukuthatha loyomuntu amthandayo nawo, uma ke ivuma ikhokho uhhafu welo6olo laloyo wokuqala. Yena ke lona othathwe ngo6a ezovusa indlu kadade wa6o u6angowalapho kwadade wa6o na6anta6akho 6a6eyi zindlalifa lakwadade wonina.

Indoda uma iphingili iyahlawuliswa yiloyo ephinge nomkhakhe ngenkomo, nayofuthi inkosikazi loyo ophingo nayo uyahlawuliswa ngenkomo, nayo futhi ilande inkomo ku6o yokuzonguza umuzi x nomyeni wayo. Kuyenzeka ukuthi umfazi imshaye indoda yakhe ngokuphi noma futhi imahlukanisele. Naloyo aphinge naye uma eficiwe uyashaywa noma kwesinye isikhathi okuvamile ukuthi

26. 6amshaye aze afe ngenxa yokuthukuthela. Inkosike nayo futhi imudle inkomo loyomuntu ophinge nomfazi womunye umuntu.

U6ufazi 6okuphinga 6unezinhlobo eziningi: Kwesinye isikhathi indoda i6anjwa oqotsheni futhi ku6eno6afazi o6ugcwele ukuthi 6a6enzani. Kuyenze kake kwesinye isikhathi ukuthi umuntu loyo anga6anjwa kodwa atholakale ngokufaniswa kwengune. Ukuphinga lokhu kunezindawo lapho umthetho uphoqekayo uku6a uwumele umfazi uma ophingile ngulezizathu mhlawumbe indoda ayinaso isidoda esiqinileyo noma mhlawumbe ihambe isikhathi eside ingahlangani nonkosikazi wayo ngokwemvelo, noma futhi yala ukuhlangana nomfazi loyo wayo njengo6a ku Lunguza Si6iya lapho

27. inkosi uMakhasana yaze yathumela izinduna zayo uku6a kuthi njalo i6usuku ziyogada lapha ekhaya ngo6a kuthiwa indoda kunele kufike isikhathi sokulala iphume iye kwa6o ivuke ekuseni i6ayele kwayo. Izinduna zagada isonto lonke zimbona njalo ephuma sekulalwa eseya kwa6o, ngoMsembuluko esathi uyakwakhe zambamba zamyisa enkosini, kwavela o6ala u6ufakazi o6u6angela umkakhe

/aphinge.....

s751

- aphinge. Inkosi yamudla inkomo yamxwayisa futhi ukuthi angakuphindi. Izinto ezivama ukuxabanisa amadoda na6afazi yizingane notshwala, nokudla, lapho kundoda ize imohaye umfazi ngo6a naye phela unenkani yakhe akathandi ukuvunyiswa, kwesinye
28. isikhathi indoda iyafika ekhaya x ifice ukudla kungekho, 6axabaneke khona lapho aze ashaywe umfazi. Umfazi ke usenoku6ika lokhu kuMnumzane noma a6aleke njengo6a kuvama ukwenzeka. Uma kwenzeka indoda imshaya kanti kukhona a6anye a6antu lapha ekhaya 6ayalamula, nanxa kuyenzeka ukuthi uma kunga6afowa6o 6omfazi 6ayishaye nayo indoda lena 6elekelele udadewa6o. Uma indoda ixabene nomkayo ku6izwa umuzi wonke yiloyo omkhulu noma ofanele ukuwuqoqa a6eselubeka kuwona nda6a lolo, umuzi ke wona u6ususola loyo owonile. Loyoke omkhulu kuna6o okungukuthi oyi
29. nhloko yomuzi noma omdala a6esemthethisa loyo owomileyo ~~xx~~ amhlawulise uma e6ona kufanele, uma kuyi nkosikazi iyilande ku6o leyompahla yehlawulo umu kuyindoda ihlatshwe idliwe wumuzi yonke. Kuye nzeka ukuthi kwesinye isikhathi 6angeneliswa yisinqumo somuzi 6alidlulise icala lelo lize lifiko enkantolo, nokho lokhu akuvamile ukwenzeka.
- Isithembu: Kakusiyo into evamisile ukwenzeka ukuthi a6afazi 6esithembu 6athathwe ndawonye noma khayeni linye, ~~xx~~ imvama 6athathwa izindawo ezahlukeneyo njengokuqonywa kwayo insizwa kodwa kuyenzeka nakho ukuthi 6athathwe ndawonye njengo6a
30. kwenza unkeleni Ngu6ane, wathatha amadodakazi ama6ili kaNungu Mwelusi, kodwa ahlukeno ngezindlu, waphinda futhi wathatha amadoda kazi ama6ili ka Nokuhlwa Zuma encane nenkulu elamana Ndlininye, kwa6a yiloyo wamngenisa kwaloyo ongesiso isihlo6o sakhe. A6afazi a6akhulu 6akhe 6a6a6a6ili indlunkulu nekholwa la6a a6a6ili 6angeniswa kulezindlu. Umehlukho nesimo sa6o a6afazi senziwa ukugana kwa6o njengokulandelana njenganalapha kuNkeleni inkosi kwaku ngu Manunga omdala ikholwa kungu Mazuma omkhulu, uManungu omncane wangeniswa kwaMazuma omkhulu,
31. uMazuma omncane wangeniswa kwaManungu omkhulu. Noma nga6e yindodakazi yeNkosi nayo i6ancane uma yagana kaMuva njengo6a

/kwenzeka.....

kwenzeka lapho uMashungu kaNyiniyezwe egana uDhlothovu wakwa Mkhize eseganiswe uManzila kanti yena uyindodakazi yeNkosi kodwa nokho wa6a yikhohlwa, kwesinye isikhathi indoda ngokumthanda nje omnye umfazi iyamenza a6emkhulu, kodwa loko kudala ukuxabana ku6antwana 6ayo, se6ebanga ipa, Na6oke oyise 6alawo mantombazane agane esithenjini 6ayakulwela ukuthi umkhwenyana wa6o azimise ngobumo zonke izindlu, ukuze kunqadaleki ukuxabana ezinqaneni.

32. Lokhu kwenziwa uMntwana uNomangozololo kaHomoyi inkosi, wathatha umfazi omncane wathi uyena omkhulu, nokha alusukanga uthuthuva esekhona waze wafa, esefile lwasuka nokho indodana leyo eyazalwa unkosini omncane owa6ekwa ngokuthandwa, yazehlukana yona nefa lelo yalinika unkosana. Kuyinto enkulu uku6a umfazi wokuqala noma uku6a yinkosikazi. Kodwa kuyinto engahle uku6a sesithenjini, njengoba 6onke 6aya 6ejahili ukuthi indoda ithande 6ona ngumnye.

- Kuyavama ukuthi indoda ikhuthazwe uku6a iganwe a6antwana a6a6ili 6ephuma emzini owodwa, ukuze kuthi omnye uma evelelwa
33. yingozi noma engatholi 6antwana amvusele a6antwana, kanti futhi noma egula nyamsiza lokhu engumzimba wakhe. Amakhosikazi lawa amaningi aphantelana ngayo indoda uma eyipha ukudla eqondene nokudluliselana kuyona ukuze leyo eyenza ukudla okumndandi masinyane ithandwe yendoda. Ukudla kuyiswa endlini lapho ikhona nsukuzonke. Amadodake nawo awefani enye inendlu yayo lapho kuyiswa khona enye inga6inayo kuyiswe kwaloyo ekwakhe ukudla Indodake lena yesithembu ishentsha izikhathi ihambe iphuma ingena ku6o6onke a6afazi 6ayo, kodwa yenze izikhathi zifane ingadlulisi ngalutho ngo6a lokho kunga6axabanisa a6afazi.

34. A6afazi 6esithembu 6asweleke 6ahloniphane futhi 6athandane ukuze indoda i6athande nayo ingakhethi. Kodwa uma 6exabana indoda isuke ithande omnye wa6o loko ke 6ese kudala u6uthakathi nokungezwani okukhulu phakathi komuzi. Kufanele a6afazi 6esithembu 6asizane kukhokonke a6akwenzayo, njengokuthi uma omnye egula, la6a a6anye 6amsize 6amgaye, 6aphe nezingano zakhe ukudla 6ahlangane, 6amhlakulele nensimu yakhe, 6amfulelele

/nendlu.....

s751.

nendlu. Abafazi besithembu kungemkhuba wabo ukuaba nomhawu, ngezinto abazi bona komunye bengena zobona noma futhi ezala kanti

35. bona abanayo inzalo, imuva kwalokhu kulandela ubuthakathi obukhulu, nendoda futhi idle ukudla okungathokazi siyo ngoaba sebeyiphoma nayo bethi abimale loyo abamfela umona. Kwesinye isikhathi umona lona ndalwa yimpahla yakuleyonala esuke yande mhlawumbe ize idlile izindlu ezinkulu.

Impahla lena phela yezindlu iyehlukaniswa, njengabafazi labo indoda enabo. Abafazi abeswanayo nabathandanayo badla ndawonye, behlulelane noma yikuphi ukudla noma kukuncane futhi babekelane izingane ngokungathithi yiloyo naloyo ngezakhe

36. zonke. Umuntu oyisihambi angeke awubone umehluko ukuthi lezi ngezalo. Lokhuke kwa bonakala kahle ku Mantombela owa begane indodana encane kaMsofi ka Homoyi inkosi lapho ephethe ingane yomfowa bo omkhulu uNtsakavu, abantu babethi eyakhe yamazibulo ngoaba akazange awuvumele umehluko phakathe kwezingane, kwathi nayo indoda yayifundisa nasesikoleni lengane, cishe ukuthi yazidlula ezayo zonke. Ngokwenzenjalo nayo ingane ayizange ikuzwe ukungabi nanina, yaze yakhula yagcagca.

ENDS. s751